

## “Indlela eya Enkululekweni Ngesiphambano”

Njengoba ufunda lendaba, kungenzeka ukuthi usenkingeni enkulu mhlambe kukhona asebekudumaze okungangokuthi sewubona sengathi ngisho nonkulunkulu ukude nawe, ngeke esakwazi ukukusiza. Kungenzeka ukuthi ngesikhathi ukhula ubuhlala uzizwa ungathandwa ngendlela eyayihlangabezana nezidingo zakho. Kungenzeka futhi ukuthi nawe uqobo awukaze uzamukele futhi uzithande.

Umuzwa wokuzibona ungaphelele, uyisehluleki udala ukuthi umuntu impilo yakhe yonke ibelukhuni, kuze kubangele ukuthi umuntu athathe isiNqumo sokuthi agcine ezibulele. Ngenxa yalokhu, ubudlelwane bakho nalabo obathandayo bugcine sebufiphala bubblesengcupheni yokuchitheka - noma mhlambe sebuphelile futhi bungabe busaphinde bakheke. Uma sekufika lapho uzizwa sewuphelelewe ithemba noma mhlambe ungasenandaba nalutho, lomlayezo wenzelwe isimo okuso njengamanje.

Unkulunkulu wakuthanda ngokwanele waze wathumela umuntu, Indodana yakhe, Ikosi uJesu Krestu ukuba azofela izono zakho esiphambanweni, amvuse futhi ekufeni nokuthi anikeze ngenxa yakhe konke lokhu okudingekayo empilweni yokunqoba engapheliyo echichimayo.

Namhlanje kungaba kuwena ukuthi ukholwe nama ungakholwa ukuthi ukufa kwakhe kwahlangabezana nesimo nenjongo kankulunkulo senkululeko yokuxolelwa izono zakho. Uma ungakholwa, lomyalezo olula - nemidwebo echazayo, ingaguquka impilo yako ngesikhathi uthola impilo yakhe. Impilo yeNkosi uJesu Krestu.

Kungenzeka ukuthi umethembile uKrestu ngensindiso yakho, kodwa manje uyikholwa elithwele kanzima elehlulwayo okumele lifune, lithole indlela yokunqoba empilweni yobu Krestu.

Uma kungekho nokukodwa okuchaza isimo okuso, ngicela ubukeze imicabango elandelayo ngomthandazo ne bhayibheli uLivulile ucele ukuthi unkulunkulu akwambulele akhanyise lemanqiniso kuwe.

### **Ukwakhiwa Kwakho**

Umdwebo oyindilingi ubonisa umuntu akhiwe izigaba ezintathu umoya, umphefumulo kanye nomzimba (kwabasetheselonika bokuqala isahluko sesihlanu ivesi lamashumi amabili nantathu) Ngozimba sikwazi ukuthi sidlulise imizwa yezinto esizidingayo.

Umphefumulo uqukethe imisebenzi yengqondo nezifiso kanye nemizwa. Umphefumulo uwona owenza sikwazi ukuxhumana nabanye umoya yiwo osivumela ukuthi sidlulise esikwazi ukkwenza nesingeke sikwazi nezimo njengalokhu sizelwe kabusha futhi sihlezwe umoya ongcwele.

UMoya uxhumene no-Adam - umndeni ka Sathane (buka umdwebo womugqa ongenhla) noma kuKrestu, umndeni kaNkulunkulu. Sizalelwe ezweni njengenzalo ka-Adam kanye nabahlanganyele kwimvelo yakhe. Lokho luchaza ukuthi imimoya yethu ifile kuNkulunkulu kodwa iyaphila kuSathane. Sisemndenini okungesewona! Njengoba izimpilo zethu zavela kubaba wethu wokuqala, u-Adam, zibuye ziphindele kuye ngeketanga elinganqamukile, sasikuye ngaphakathi ngesikhathi ona. Ngaleyondlela saba yizoni singakazalwa ngokwenyama. Lokhu okuyiyonankinga, uma sona sisuke senza okufika njengemvelo (kwabase Roma 3:23). Yonke impilo eyosala futhi iphelele ku-Adam, iyophelela esihogweni, njengoba kukhonjisiwe emdwebeni (kwabase Rome 6:23). Nakuba singaphila izimpilo ezinhle kakhulu, uma sikhuloma njengomuntu, sehlukaniwe noNkulunkulu kuze kube sizalwa kabusha emndenini wakhe ngokomoya.

### **Izidingo Zakho**

Igamaelithi "insindiso" (1) emdwebeni wesondo lichaza ukuthi kufanele sisindiswe kgoko Moya. Yingalendlela kuphela esingakwazi ngayo ukuthi sishiye impilo ka-Adam bese sizalwa empilweni kaKrestu, okuyimpilo yaphakade, njengoba kubonisiwe emdwebeni womogqa (Ngokuka Johan 3:3) ukuze sizalwe ngokomoya kufanele sibone noma sivume ukuthi siphila impilo okungesiyo ngakhoke sazalwa siyizoni, ngemiphumelo engagwemeki ukuthi sonile kufanele semukele uKrestu ezimpilweni zethu, ngoba wafela izono zethu.

Ekuzalweni ngokomoya, labo abamukela uMoya wokuphila kaKrestu emimoyeni yabo ngokuthemba baba-moya munye naye (1 Kwabase Korinte 6:17)

Uma bezobanokunqoba belwa nezilingo futhi bezwe ukuthula kukaNkulunkulu ezimpilweni zabo nankanjani kumele babe nesqiniseko sensindiso yabo. Isiqiniseko (2) kufanele sincike (ekujuleni) nasebumsulweni bezwi likaNkulunkulu noma Lizodlula ngokushesha.

Abaningi abaziyo (ngezingqondo zabo) ukuthi bona bebeye - themba iNkosi u Jesu Krestu kodwa bengenaso isiqiniseko sangempela ngoba bengakaze bazizuwe besindisiwe. Ngenxa yokushayisana kwemizwa, eminingi yayo eqhamka ekungemukelekini ebunganeni, imizwa yomuntu akovamile ukuthi ibe nokuthula ngalokho okuyiqiniso, kungaba lawomaqiniso achazwe eBhayibhelini nama akhona ezweni esiphila kulo. Indlela esizwa ngayo izinto ziyiyona ivamile ukhuluka kulokhu eziyikona ngempela kuze kube uKrestu uba yisisekelo ezimpilweni zethu aphinde aphilise imizwa ehlukekile.

Ikhulwa elisha noma elidala, kufanele Lazi ukuthi Lingena Ekuvikelweni, ebudlelwaneni buka Moya baphakade noNkulunkulu eNkosini uJesu Krestu (Ngokuka Johan 5:24) nokuthi angathembela futhi akujabulele lokho kuphepha (3).

Nakuba amakhulwa amaningi azi ukuthi amemukele uKrestu, bayingcosana abaqondayo nabezwayo ukuthi bemukelwe kuye. Ananingi baphoqiwe ukuthi bazuze ukwamukeleka kwingxenye yobuntu futhi bezwe ukuthi kufanele bazuze ukwamukeleka kuNkulunkulu (4), nokuba sebevele bemukelekile ngokugcwele empilweni yabo kaKrestu (Kwabase Efesu 1:6). Wonke amakhulwa amukelekile, kodwa amaningi awakwa mukeli uKwamukeleka kwawo, noma ubungcwele (2 Kwabase Korinte 5:21) ngokuthemba.

Abambalwa, futhi, yilabo abazinikele ngokupheleleyo (5) noma abanikele izimpilo zabo ngokophelele eNkosini uJesu Krestu. Lesi isinqumo esingaguquki lapho sinika uNkulunkulu khona imvume yokwenzanoma yini akayifisayo kuthina, nathi okanye ngathi. Sidela wonke amalungelo ethu.

Ngezikhathi eziningana, izimo ezithile ziyaphenduka zibewuhlupho emuva kokuba sesithathe lesisinqumo esinje, ngoba uNkulunkulu uyashlonipho isinqumo sethu sokuthi Yena aphaathe izimpilo zethu ngokugcwele. Uma kufanele Yena aphaathe thina kufanele siyekele Yena, futhi lokhu kuyinqubo engavimile ukusinika injabulo! Izimo ezithile noma abantu uNkulunkulu akabasebenzisayo ukusiyekisa ukuziphathela izimpilo zethu abekho kubona ngomoya. Kwesinye isikhathi bahlangabezana nokhlukumezeka noma nokugula okungabafanele, kodwa ilokho khlukumezeka okugcwalisa izinhloso zika Nkulunkulu ezimpilweni zethu (1 Kapetro 2:20-21; Kwabase Filipi 1:23-30) Ngesikhathi sokhlukumezeka noma ukujeziswa ngokuhlupheka (Kwabase Filipi 3:10; KumaHeberu 12:11), akuvamile ututhi kube yimbangela yokujabula, kodwa kuyisivivinyo esikhiqiza ubungcwele esibulangazelele.

Inhloso kaNkulunkulu ngekholwa. UkuLiphendula Libe nomfanekiso ka Krestu (Kwabase Roma 8:29). Lokhu kushintshwa noma ukufaniswa kufaka ukuhlupheka "Zonke izinto" (Kwabase Roma 8:29) ezisebenzisanyayo ngenxa yokuhle azivamile ukubonakala zizinhle kobona, ngaphandle - uma ubheka emuva.

### **UKUSHAYISANA KWENCIAPHAKATHI LAKHO**

U "S" aphakathi nendawo esondweni (ngenhla) umele impilo ozilawulela yona noma "inyama" (K.J.V). Inyama iyona evuka kuzala emakholweni impilo yawo yonke. Ifuna izimo ezahlukene, kuncike kumuntu nomuntu, ukwandiseka kwezindingo zako yinto ethile noma umuntu ngendlela ekungesiyona noma okuyiyona. Imali, izinto ezisetshenziswayo.

Impumelelo, udumo, ucansi, amandla noma okunye nje kwezinto eziningi ezingabaleki kungakuholela noma kukukhuthaze futhi kube isisekelo

salokho ogxile kukho uma uhlaselwe impilo yobuwena okanye yokwenyama. Kanjalo - ke okwenyama yikhona okuholela ekutheni ikholwa lilingeke bese liphila impilo yokukholwa ngendlela yalo.

Inyama (okwenyama), ngaleyondlela iyinkinga enkulu kumzalwane - iyinkinga njengezi thixo. Ngoba uma sibeka okunye endaweni yesisekelo esingu Krestu - ngisho nathi uqobo noma ngabe yini esiyibeka esihlalweni esiphakeme sezimpilo zethu kuba yisithixo. Unkulunkulu kumele abhekane ngokunamandla nenyama. Futhi uyakwenza, ngokuveza ikholwa lihluleka ukubhekana nokuphila impilo yalo, lithole isimo salo singabekezeleleki, ligcine selivume ukushiya impilo yalo yobulona liphile impilo yobu Krestu.

Uma nje ubuwena (inyama) kusabusa, ukuxakaziseka okuvezwe "kumphefumulo" (ubuwena) nokuyingxenye yomdwebo wesondo kusazoqhubeka. Kungadlulela uma iminyaka iqhubeka kanti kungandisa nezinto ezidinga ukufezwa. Ezikhathini ezithile, impilo yobuwena ephilwe yahlelwa ngomqondo okhaliphile, ingamelana nezinto esikhathini eside sempilo, kodwa imiphumela ayisondele nakancane ekutheni inganeliswa.

Ukuphazamiseka komqondo, nokudliwa unembeza (okwangempela nokucatshangiwe nje) kuhlangu kube sekukhipha amazinga ahlukeni okukhathazeka empilweni oziphathele yona. Ukukhathazeka kumele kuliwe nakho. Abanye bancama ukukulahla kwabanye ngokuba - tshengisa ngokwenza noma ngomlomo kanti abanye basaba ukuphindiselwa ngokubi bese behlisa ulaka ngangoba bengakwazi. Abanye behlisa ukuthukuthela nokukhathazeka ngoba bezibeka icala ngezinkinga nokunengeka abahlangana nakho. Uma ulaka nokukhathazeka sekwehlisiwe, noma ngokunga siphilisi, kuzoba nengxenye okuyidlalayo engqondweni noma emizweni noma kukho kokubili. Ulaka lugciniwe okanye ukuthukuthela kuvama ukugcina ekuxakekeni kumphefumulo kanye/noma ukuphithana emizweni. Abanye abantu bangasebenzisa imiqondo yabo ukwemboza noma ukuziba lokho

okuyiqiniso. Lokho kwenza bakwazi ukubalekela isidingo sokubhekana nenkinga uqobo, impilo yobuwena.

Uma ukuxakaniseka emqondweni kuqhubeka ngaphandle kwekhambi, nakanjani, isophelela ngokomzimba kungakekho ukuneliseka. Njengoba kukhonjiswe emdwebweni. Izifo emzimbeni, nakuba kungezangempelo, ziyizinkombisa zenkulu inkinga yempilo yobuwena. Kanjalo nezinkinga zengqondo ezitshengiswe esigabeni "somphefumulo".

### Ukukhululwa Kwakho

Lezibonakaliso zokwengqondo nangoko - mzinba ziqala ukushabalala uma usubona ukuthi Unkulunkulu angabhekana kanjani nenkinga ukusuka phansi empandeni ngokuthi ehlise ukuphakama kwimpilo yokuziphilela yobuwena.

Umfanekiso womugqa ubonisa "ukuphila okusuka ekufeni" - indlela kaNkulunkulu yokuqeda ukuxakaziseka kwanga phakathi. Umagqa obheke emacaleni umele impilo yangunaphakade, impilo kaKrestu. Ngokwe ncazelo, okwaphakade kusho ukuthi akunasiqaho futhi akunamkhawulo. Kudlula imingcele yezikhathi. Njengoba uKrestu enguNkulunkulu, ubelokhu ephila futhi uyohlale ephila. Impilo yakhe iyafana izolo, namuhla naphakade (Heb 13:8) Njengoba kubonisiwe emgqeni nesobunxele, uKrestu waba "yinyama" (Johane 1:14) waphila emzimbeni womuntu eminyakeni engangama shumi amathathu nantathu. Wabe esebethelwa, wambelwa wavuka emva kwezinsuku ezintathu (1 Korin 15:3-4). Uyaphila nanamhlanje nakalokhu (Heb 7:55). Akusikho ukuthi impilo yangunaphakade isipho nje nekusasa kokholwayo, kodwa kufaka futhi nengunaphakade lempilo edlule.

**Page 5 of 7**

Size sizalwe kabusha futhi (Johane 3:3) asikho ekuphileni kukaKrestu okunguna phakade kodwa sisempilweni yokomoya ka-Adam efileyo. Omunye angabona ukuthi uma omunye kumadlozi ethu, omelwe yimigqa

edwetshiwe emfanekisweni womugqa oqondile, ekade edukile, nathi besizobe sidukile. Ukukhuluma nje ngomzimba, izimpilo zethu zinesiqalo ku-Adam, ngakho-ke noma yini eyenzeka kuye yenzeka nakithi. Ngesikhathi enza isono, sasenza nathi. Ngesikhathi efa (ngokomoya) safa njengoba sasizofa kukhokho wethu ukuba wafa ngaphambi Kanjalo-ke, njengoba ukufa ngokomoya kuwukuhlukana noNkulunkulu, sonke sazalwa sifile (emoyeni). Sidinga ukuthethelelwa ngezono zethu, kodwa siyayidinga nempilo. Inkosi uJesu Krestu weza ukusinikeza ngokufela izono zethu nokusinikeza impilo yakhe esevukile (Johane 10:10).

Uma ungumzalwane, usuyakwazi konke lokhu okungenzeka ukuba awukwazi yilokhu okulandelayo: kokholwayo, ukufa komzimba kuyisango ukusuka empilweni emhlabeni nobukhona besono uya ekuphileni ezulwini nakubo ubukhona buka Nkulunkulu, ngokufanayo, enye inhlobo yokufa iyisango ukusuka empilweni yokona ka-Adam uye ekuphileni kwaphakade kwaKrestu. Uma umuntu "ezelwe kabusha", ngaleyonkathi uyafa futhi. Uzalelwe empilweni ka-Krestu kodwa ngaso lesi sikhathi uyafa ukusuka" empilweni ka Adam.

Ukrestu uza ezimpilweni zethu uma sikholelwa kuye futhi sizalwe kabusha, kodwa akusikho lokho kuphela. Siphinde sibe yingxenye yakhe nempilo yakhe ephakade. Abase Roma 6:3 bathi asibhabhathisiwe nje kuJesu Krestu kuphela, kodwa nasekufeni kwakhe. Ngeke sikwazi ukuphila izimpilo ezimbili ezingafani ngesikhathi esisodwa - impilo ka - Adam nempilo kaKrestu.

Wena Uqobo

Uma sizuzwa uKrestu ngokukholwa, kusho ukuthi ukufa kwakhe esiphambanweni kubalwa njengenkokhelo yezono zethu. Kodwa kusho okukhulu. Kusho nokuthi singena empilweni entsha, - impilo engasuki ekuphileni okudlule nokusezayo. Ukukubeka ngenye indlela, sishintsha umlando omdala kuAdam omubi naloyo omuhle onomlando ophakade ka-Krestu. Sizuze esisha 'isihlahla somndeni". Ukuthatha ingxenye



empilweni kaKrestu, siba ngabathathi-ngxenye nasekufeni kwakhe, ukumbelwa, ukuvuka, ukwenyuka nokuhlala emazulwini (Roma 6:3-6; Gala 2:20; Efes 2:6). Unempilo eyodwa, kanti yileyo mpilo esiyithola ekuzalweni kwethu (1Johane 5:11-12).

**Page 6 of 7**

Uma nje sesazi ngokuzibonela nangokukholwa ukuthi sabethelwa kanye noKrestu, sizaqhubeka sizame ukumphilela uKrestu, ngokusebenzisa izindlela zokwenza esizifundile empilweni yokuziphilela. Ubuxakaxaka obuvela emlandweni wethu ku-Adam kuzoqhubeka kusiqumba phansi thina. Kodwa uma nje, ngokukholwa, sithatha izindawo zethu ezilungile

esiphambanweni ngokuhla nganyela nokufa kuka-Krestu nokuvuka, yilapho - ke la ngempela sizokwazi "ukuhamba ebusheni bempilo," (Rom 6:46) nokuyilapho izinto ezindala sezishiyiwe, ubambeke, konke sekwenziwe kabusha (2Kor 5:17).

Ukuzibonela ngokwesiphambano (ukuqanda ngokuzibonela ngokubethelwa nokubuka kwethu noKrestu) kuysanngo eliya empilweni ephethwe ngokomoya (Gala 5:16). Kuyimpilo esuka ekufeni, ukunqoba ukusuka ekunqatshweni, - inhloso nempendulo ekuhluphekeni kuyo impilo yokholwayo Indlela yethu eya esiphambanweni, nesiphambano ngobo, kuyindlela yokuhlupheka, kodwa yiyona ndlela kuphela eholela ekupheleni kokuhlupheka.

Ingabe usukhathele ngokwanele yini ngoku-xakaniseka kwakho kwangaphakathi nokwehlulwa okumiyo ukuthi usungakuqeda ngokukholwa? Uzimisele yini ukufa kulokho oyikhona ukuze uphile kulokho ayikho yena. Ukwenzalokho kuwukushintsha impilo yokuwena uphile leyo yobu Krestu ugwaliswe futhi uphathwe umoya oyingcwele. Ukwengqaba ukwenza lokho kuwekuqhubeka uhambe emva kwenyama uhlukeze umoya ngokuqhubeka noku-xakaniseka, ukuhlupheka nokunqotshwa.

Umkhuleko Wensindiso

Uma usukhathele wubuhlungu obuphelela ekwenzeni izinto ngendlela yakho, uKrestu uzokukhulula uma ngakho konke uzazinikela ekutheni umvumele enze ngendlela yakhe. Uma ungakaze umamukele uKrestu njengomsindisi wakho, isidingo sakho sokuqala esokuthi uvumele uNkulunkulu akwenze musha ngokukupha ukuzalwa kabusha ngokomoya. Ungazalwa kabusha uma ungakhuleka ngokuthembeka uthi:

"Baba Osezalwini, ngibonile ukuthi ngiyisoni, ngisaphila impilo ka-Adam, futhi ngonile. Ngiyakholwa ukuthi wathumela indodana yakho ezelwe yodwa, inKosi u Jesu Krestu, afe endaweni yami afele izono zami. Ngiyakholwa futhi ukuthi wavuka futhi uyaphila, kanti manje

ngimamukela emoyeni wami njengo Msindisi, Nginikela konke engiyikho, konke enginakho nakho konke engiyoba yiko kuwe. Ngiyazishiya izono zami nokuzazi mina kuphela sengiyophila impilo entsha kuKrestu. Ngiyabonga ukuthi ungisindisile. Amen".

### Umkhuleko Wobu-wena-Qobo

Uma usuwushilo "umkhuleko wensindiso," usuzelwe kabusha, ngoba uNkulunkulu uthi unikezela bonke abakholwa kuKrestu ithuba elihle lokuba ngabantwan Bakhe (Johan1:12). Manje, noma ukhulekela isindiso khona manje noma kudala, ukusho umkhuleko "wobuwena-Qobo".

### Isondo Nendlela Eyiyo

Ingakusiza ekuzizweni unempilo ka Jesu impilo yokunqoba nokuthula. Ngaphambu kokuba lomkhuleko uwuzwe usebenza kuwe kufanele uzidele ubuwena, impilo yakho kuzomele uholwe umoya noma ubanjwe umoya ongcwele ekuthi uyeke ukuzama ukuba umKrestu ngamandla akho, futhi uzimisele ukwehlulwa ekutheni uziphathele impilo yakho. Uma ngabe

sewukuleso simo sokudela ukuziphathela impilo ngokwakho thandaza ngalendlela.

Baba somandla, ngiyabonga ukuthi ungixolele izono zami futhi ungikhiphe empilweni ka-Adam bese ungifaka empilweni kaJesu. Njengoba manje senginoJesu kimi ngiyakholwa ukuthi ngabethelwa naye, ngangcatshwa naye, ngavuswa naye, futhi nami sengihlezi naye ngakwesakho isandla sobunene. Kusukela manje ngikhetha ukuba nendodana yakho uJesu Krestu, ngiphile impilo yakhe futhi ngiphile ngaye. Ngizibona ngifile esonweni ngiphila kuwe, nginxusa umoya oyingcwele ukuthi kube iwona ozongibonisa, ungikhumbuze lapho sengikhohlwa ukuthi mina ngafa no Jesu, ngingazami ukuthi ngiphile ngokwami ngingaphili impilo yakhe ngokwazi nangamandla ami. Ngifisa ukuthi yonke impilo yami ukuyipha wena ngibe ithuluzi nesibonakaliso sokulunga, kungabi nangxenye yami esebenzela isono. Ngiyabonga ukuthi wenze uJesu nempilo yakhe ibe iqinso kimi zithokozise ngami. Ngicela lokho egameni lika Jesu. Amen.